

BUSINESS INNOVATION SURVEY 2014 - 2016

FOR A MORE INNOVATIVE SOUTH AFRICA

UKUSEBENZISA IZINDLELA EZINTSHA EMABHIZINISINI ASENINGIZIMU AFRIKA, 2014-2016



ISIFINYEZO ESIPEZULU



“Ukusebenzisa izinto noma izindlela ezintsha kungukwenza into entsha nehlukile bese uyiveza obala. Kuhlanganisa izinto ezintsha nezindlela umuntu enza ngayo lezo zinto ezintsha. Yilokho okudingwa yiNingizimu Afrika kakhulu. Manje.”¹

¹ M. Kahn, ‘2020 State of Innovation Address’, *Daily Maverick*, 13 February 2020. Available at: <https://www.dailymaverick.co.za/opinionista/2020-02-11-2020-state-of-innovation-address/>

OKUSHIWO IMIPHUMELA

ISIKHATHI
SE-SURVEY:



2014

2015

2016

IMIKHAKHA YAMABHIZINISI:

UMKHAKHA



izimayini nokugqekeza
("izimayini")



Ukukhiqiza



Ugesi, I-Gas, Ukunikezelwa kwamanzi
("Izinsiza")

IZINSIZAKALO



Ukudayiswa kwempahla
yonke nokuhwebelana
kwamabhizinisi
("ukuhweba")



Ukuthutha, ukugcina, nokuxhumana
("Ezikuthutha")



Ukungelela ngezimali
("Izimali")



Amakhompiyutha
nemisebenzi ehlobene



Ucwanningo
nokuthuthukisa



izakhiwo
nobunjiniyela



Usizo
lobuchwephesheshe

("Ubunjiniyela nobuchwephesheshe")

INANI ELIPHELELE LAMABHIZINISI:

 **41 535**

IMIKHAKHA: 15 517 | IZINSIZA: 26 018

INANI ELIPHELELE LABANTU ABAQASHIWE:

 **5 281 342**

IMIKHAKHA: 2 909 633 | IZINSIZA: 2 371 709

USAYIZI WEBHIZINISI:



ELIKHULU



ELIPHAKATHI



ELINCANE



ELINCANE KAKHULU

IZINHLOBO EZINTSHA ZOKWENZAU MSEBENZI:



UKUKHIQIZA

INQUBO

UKUMAKETHA

EZENHLANGANO

AMAZINGA OKUJWALYELEKA:



KUSHA EFEMINI,
KUSHA EMAKETHE,
KUSHA EMHLABENI

ISIFINYEZO ESIPHEZULU

Iziphi izinto ezigqugquzela ukusebenzisa izinto noma izindlela enzintsha kumabhizinisi? Amabhizinisi ahломula kanjani, futhi nini kuloku kusebenzisa izinto noma izindlela ezintsha? Yiziphi izinto ezivimbela ukusebenzisa izinto noma izindlela ezintsha? Ngabe imiphi imithombo yolwazi amabhizinisi athathela kuyo uma efuna ukusebenzisa izinto noma izindlela ezintsha? I-survey kazwelonke yokuphenyaa kusebenzisa izinto noma izindlela ezintsha iyasiza ukuphendula lemibuzo kanye neminye imibuzo ebucayi abaholi bamabhizinisi, amaqembu emikhakha, kanye nabasezikhundleni zikahulumeni ezibhekene nokwenza inqubo-migomo.

Imiphumela eyishumi (10) emqoka evela kwi-South African Business Innovation Survey, ka-2014-2016

1 Ukusebenzisa izinto noma izindlela ezintsha kwakuyinto eqhubekayo kuyoyonke imikhakha, ikakhulukazi kwezobunjiniyela nobuchwepheshe, ukukhiqiza, kanye nokudayisa.

- U-69.9 % wamabhizinisi aseNingizimu Afrika atholakala ekhuthalele ukusebenzisa izinto noma izindlela ezintsha. Athatha izinyathelo zesayensi, ezobuchwepheshe, ezenhlangano, ezezimali, noma zokuthengisa ngesikhathi sika-2014-2016, ekuqaliseni izinto noma izindlela ezintsha.
- Cishe onke amabhizinisi (96%) atholakala akhuthalele izinto noma izindlela ezintsha ezweni ethula ukuthuthukiswa kumafemu noma amamakethe awo ngo-2014-2016.
- Amabhizinisi asebenzisa izinto noma izindlela ezintsha eNingizimu Afrika azibandakanya ezinyathelweni ezine zezindlela ezintsha ezicishe zilingane: ukuthuthukisa imikhqizo (48.2%), ukuthuthikisa ngokwenhlangano (42.0%), ukuthuthukisa ezokumaketha (41.7%), kanye nokuthuthukisa inqubo (34.6%)
- Imikhakha yezobunjiniyela nobuchwepheshe, ukukhiqiza, kanye nokudayisa yabika ukugxila ekusebenziseni izindlela ezintsha ngo-2014-2016.

(2) Amabhizinisi aseNingizimu Afrika atshala kakhulu ekusebenziseni izinto noma izindlela ezintsha, okwaba usizo kuwona kanye nabasebenzayo—ukulungiselela ushintsho kwezobuchwepheshe kanye nezenhlangano.

- Amabhizinisi aseNingizimu Afrika alungiselela ushintsho lwezobuchwepheshe ngokuqequesha abasebenzi bawo nokutshala olwazini lwezibuchwepheshe. Imisebenzi yezinto noma yezindlela ezintsha zamabhizinisi eyabikwa ingxene enkulu yezinkampani kwaba ngukuqequesha (59.3%), ukutholakala kwe-software yekhumpyutha (58.3%), kanye nokutholwa kwe-hardware yekhompyutha (57.2%)
- Emikhakheni yezimboni kanye nezinsiza, izindleko ezinkulu zokusebenzisa izinto noma izindlela ezintsha ngesikhathi sika-2014-2016 kwaba ukutholwa kwemishini.

(3) Ukusebenzisa izinto noma izindlela ezintsha kwaba namathuba amancane ekubeni nomthelela ophuthumayo kwinzozo, kodwa kwakunamathuba emaningi okuthi kube nokukukhulisa konukukhula okumandla.

- Izilinganiso ezipansi zokubuyiselwa kokutshaliwe kokusebenzisa izinto noma izindlela ezintsha zabalelwa enzuzweni yamabhizinisi asebenzisa izinto noma izindlela ezintsha esikhathini sika-2014-2016, ngemikhiqizo eyayimisha emakethe (10.8%), okusha ebhizinisini (7.0%), noma okusha emhlabeni wonke (1.8). Ngokuqhathanisa, u-80.5% wenzozo yokwenza okusha kwebhizinisi wakhiqizwa ngokuthengisa izimpahla kanye nezinsiza ezazingashintshiwe nhlobo noma kancane.

(4) Amabhizinisi amanngi ayebebennsa izinto noma izindlela ezintsha eNingizimu Afrika afinyelela emamakethe ezwelonke kanye nomhlaba wonke kunabalingani ababengasebenzisi izinto noma izindlela ezinstha.

- Amabhizinisi amanngi ayebebennsa jzjnto noma izindlela ezintsha eyanamathuba amanngi okudayisa impahla yawo kanye nezinsiza zawo emamakathe ezwe (58.1%), uma eqhathaniswa namabhizinisi angasebenzisi izinto noma izindlela ezintsha noma angakukhuthalele ukusebenzisa izinto noma izindlela ezintsha (37.7%). Amafemu angakukhuthalele ukusebenzisa iizinto noma zindlela ezintsha ayefinyelela amamakethe esifundazwe akhethekile (57.4%) kunamanyi amamakethe.

- Ngokungeziwe, amabhizinisi ayekhuthalele ukusebenzisa izinto noma izindlela ezintsha afinyelela emamakethe omhlaba wonke, okubalwa khona i-Afrika yonke, i-Europe, i-Asia, kanye namanye amazwe, kunamabhizinisi ayengakukhuthalele ukusebenzisa iainto noma izindlela ezintsha.

5) Ukuthuthuka kwe-khwalithi kwaba yiwona umphumela ophezulu wokusebenzisa izinto noma izindlela ezintsha emabhizinisini akhuthalele ukusebenzisa izinto noma izindlela ezintsha.

- Ikhwalithi ethuthukisiwe yezimpahla kanye nezinsiza yabhekwa njengendlela entsha enemiphumela eyimpulelo kakhulu ngabasunguli bezimpahla kanye nenqubo abangu-38.8%, kulandelwa ukukhula kwemali engenayo (31.8%) kanye nenzuso engeziwe (30.9%). Ngokufanayo, kwabangu 49.5% abasebenzisa izimto noma izindlela ezintsha abezenhlangano, ukuthuthukiswa kwe-khwalithi kwaba nomuphumela ophezulu wokuthuthuka.
- Ukuthuthuka kwezempiro nokuphepha (27.0%) noma ukwehliswa komthethelala kwimvelo (23.3%) kwabikwa ebasunguli bezimpahla kanye nenqubo abaniningi makuqhathaniswa nemiphumela yezimali kanye nekhwalithi.
- Ukungena kumamakatho amasha okuthumela ngaphandle noma ukukhula kohwebo lokuthumela ngaphandle njengengedlela entsha futhi enempumelelo ephezulu kwabikwa abangu-7.5% kuphela abasunguli bezimpahla kanye nenqubo.

6) Amabhizinisi ambalwa avikela – noma azuza ngamalungelo awo e-intellectual property.

- Amabhizinisi ambalwa asebenzisa eyodwa noma amaningi yamaqoqo amalungelo amasu e-intellectual property ukuqapha, ukukhiqiza imali engenayo, ngokusebenzisa into noma indlela entsha. Amasu athandwa kakhu kakhulu kwaba izimfiho zokudayisa noma imfiho yesivumelwano (amabhizini akhuthalele ukusebenzisa izintp noma izindlela ezintsha: 16.5%; amabhizinisi angakukhuthalele ukusebenzisa izinto noma izindlela ezintsha; 4.7%) kanye nokubhalisa kophawu lwentengiso (Amabhizinisi akhuthelele uksebenzisa izinto noma izinto noma izindlela ezintsha: 12.4%; amabhizinisi angakukhuthalele ukusebenzisa izinto noma izindlela ezintsha: 3.9%). Amabhizinisi angu-14.8% abika ikukhuphuka kwe-intellectual property njengomphumela owaba nempumelelo ephezulu kakhulu ekwenzeni umsebenzi ngezizindlela ezintsha, kwathi amabhizinisi enza omsebenzi omusha angu-5.1% anikezela nge-license kunoma iyiphi i-intellectual property ewumphumela wokusebenzisa izindlela ezintsha.

- Amabhizinisi ambalwa abheka amalungelo e-intellectual property njengesihibe ekusebenziseni izinto noma izindlela ezintsha (amabhizini akhuthelele ukusebenzisa izinto noma izindlela ezintsha 4.3%; amabhizinisi angakukhuthalele ukusebenzisa izinto noma izindlela ezintsha: 6.2%).

7) Ukusebenzisa izinto noma izindlela ezintsha kwakungeyona into exhunywe kakhulu.

- Amabhizinisi ayingxene eyodwa kwesihlanu (20.8%) asebenzisa izinto noma izindlela ezintsha abika imisebenzi yokusebenzisana njengengxene yokuthuthukisa ukusebenzisa izinto noma izindlela ezintsha kwabo. Izizathu ezinhlanu ezabikwa kakhulu zokusebenzisana kwaba ukufinyelela olwazini, ukufinyelela kuma-R&D, ukufinyelela kwezobuchwephesh, ukwabelana ngezindleko, nokufinyelela amamakethe amasha.
- Abalingani bangaphandle abazisa kakhulu amabhizinisi asebenzisa izinto noma izindlela ezintsha kufakwa abanikezela bemishini, izinto zokusebenza, izingxene noma ama-software (19.2%), kulandelwa amakhesimende (16.5%), bese kuba izimbangi (14.6%). Angaphansi kuka 10.0% amabhizinisi asebenzisa izinto noma izindlela ezintsha ahlanganye nezikhungo zocwaningo zikahulumeni (8.0 %), amanyuvesi (6.8%), noma izikhungo zocwaningo ezizimele (4.9%) ukuthuthukiswa kokusebenzisa izindlela ezintsha ngisekhathi sika-2014-2016.
- Imithombo yolwazi yangaphakathi egenjini lebhizinisi (45.6%) ayazisa kakhulu, elandelwa amakhasimende (37.8%), kanye nabanikezeli (30.8%). Abakhiqizi bolwazi bangaphandle, abanjengezikhungo zemfundo ephakeme, noma amalebhu kahulumeni, abazange babalwe njengemithombo ebelulekile yolwazi yokuthuthukisa amabhizinisi ngo-2014-2016: izikhungo ezizimele zocwaningo kanye nezikahulumeni zaba yimithombo yolwazi kumabhizinisi abenzisa izizinto noma izindlela ezintsha angu-7.8% kanye no-7.4%, izikhungo zemfundo ephakeme zasetshenziswa njengomthombo wolwazi ngamabhizinisi asebenzisa izinto noma izindlela ezintsha angu-2.8%.

8) Izinto ezinkulu ezivimbela ukusebenzisa izinto noma izindlela ezintsha kwabalwa kuzo izimali kanye nezinye izici zemakethe.

- Izihibe amabhizinisi akhuthelele ukusebenzisa izinto noma izindlela ezintsha azibalula njengezibalulekile kwabalwa kuzo izimali kanye nezimakethe. Izithiyo eziyishiyagalombili zafaka: Ukushoda kwemali ngaphakathi ebhizinisini noma egenjini lebhizinisi (31.5%) noma emthonjeni wangaphandle (25.0%); ukubiza kakhulu kokusebenzisa izinto noma izindlela ezintsha (22.5%); ukuntuleka kokukweleta noma ukulingana kwangasese (24.8%);

ubunzima ekutholeni izibonelelo zikahulumeni (21.5%) ; ukungabi nesiqiniseko ngezimfuno zokusebenzisa izinto noma izindlela ezintsha (19.3%); umbangiswano emakethe (16.4%); kanye nokuntuleka kwezimfuno zamakhasimende (8.6%).

- Emabhizinisi angakukhuthalele ukwenza okusha, isihibe esikhulu esabikwa kwaba ukuntuleka kwezimfuno zokusebenzisa izinto noma izindlela ezintsha (20%) .

9 Amabhizinisi ayazi ngokusekwa uhulumeni kokwenza okusha, kodwa ukusetshenziswa kwezinto noma kwezindlela ezintsha kwakungaxhunywanga nokuzuza komkhakha womphakathi.

- Ingxene yeodwa yokuthathu yamabhizinisi azibandakanya emisebenzini yokusebenzisa izinto noma izindlela ezintsha ayazi ngokusekwa uhulumeni ngokwezimali ukuze asebenzise izinto noma izindlela ezintsha (33.6%). Ngokuqhathanisa, ingxene yeodwa yeshumi yamabhizinisi angakukhuthalele ukusebenzisa izinto noma izindlela ezintsha (10.1%) ayazi ngokwesekwa okukhona.
- Iningi lamabhizinisi akhuthalele ukusebenzisa izinto noma izindlela ezintsha ayencike ezimalini zawo ukusebenzisa izinto noma izindlela ezintsha (77.0%). Abangu-1.7% balamabhizinisi abika uhulumeni njengomthombo wezimali zokwenza okusha.
- Amabhizinisi acishe afike kwingxene yeodwa yesihlanu (21.9%) ayenezivumelwano zenzunzo nomkhakha wezinhlango zomphakathi, cishe zonke lezivumelwano ngezase-Ningizimu Afrika. Kodwa-ke, izivumelwano ezingu-32.3% zazidinga ukwenza okusha.

10 Uhla lwezbuchwepheshe obusha- okufaka ezobuchwepheshe ngezemvelo zasetshenzinzwa amabhizinisi ukuqala imisebenzi yokusebenzisa izinto noma izindlela ezintsha.

- Inani eliphezulu lamabhizinisi akhuthalele ukusebenzisa izinto noma izindlela ezintsha abika ukusebenzisa ubuchwepheshe obusha ngenhoso yokusebenzisa izinto noma izindlela ezintsha. Amakhono amahlanu abikwa kakhulu afaka ukwakha ngamakhompiyutha nobunjiniyela (44.1%), ukuphathwa kwempahla, I-supply chain kanye nobuchwepheshe bezokuthutha (31.6%), ubuhlakani bobuchwepheshe bezamabhizinisi (25.4%), ubuchwepheshe ngezemvelo (23.4%), nobuchwepheshe obuthuthukisiwe bokulawulwa kolwazi (20.7%)
- Amabhizinisi angakukhuthalele ukusebenzisa izinto noma izindlela ezintsha abika ukusetshenziswa okuncane kwezbuchwepheshe obusha (Cishe u-10% noma ngaphansi kuzozonke izinhlobo zobuchwepheshe ezazilinganisiwe).

XHUMANA NATHI

Department of Science and Innovation (DSI)

Private Bag X894, Pretoria, 0001

Republic of South Africa

www.dst.gov.za

Centre for Science, Technology and Innovation Indicators (CeSTII)

Human Sciences Research Council

P O Box 15200, Vlaeberg, Cape Town, 8018

www.hsrc.ac.za

Imibuzo kanye nokuphawula siyakwamukela.

Xhumana nathi ku: innovation@hsrc.ac.za

The full English version of the report can be downloaded from:

- <http://www.hsrc.ac.za/en/departments/cestii/latest-results>
- <https://www.dst.gov.za/index.php/resource-center/rad-reports>
- <https://sabizinnovationsurvey.blog/>

Design: Tracey Watson

Translation: Lindani Msimango

